**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE ENKONZWENI YABAPHOSTOLI MHLAKA 30 SEPTEMBER 2007**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Kuyajabulisa ukuthi sihlangane sibe baningi kangaka lapha namhlanje. Ngineqiniso lokuthi sonke size lapha ngenhloso yokuzonxusa uMdali ukuthi asilekelele ukubhekana nezinselelo zalo mhlaba.

- Ezinyangeni ezimbalwa ezidlule kuze kube uLwesine olwedlule, bengihlangana nomphakathi wamakholwa ezindaweni ezahlukene zesifundazwe, ezinkonzweni zesikhumbuzo zabantu abashone emigwaqeni yethu. Lena ngenye yezinselelo okumele siyikhulekele kuMdali asilekelele kuyona.

- Kuba nesisindo uma amakholwa ethandaza ndawonye. Encwadini kaMatewu 18 eBhayibhelini, uJesu akafundisi ngamandla omkhuleko kuphela, kodwa ufundisa nangamandla okuhlangana emkhulekweni.

- Uthi uma abangamakholwa behlangana emkhulekweni, uYise uyabanika abakucelayo. Ngoba uma bekhuleka ngokuhlanganyela, kusho uJesu – noma bebabili noma bebathathu – Yena uyoba phakathi kwabo.

- Njengoba sihlangene lapha ngenhloso efanayo, mhlambe kumele phakathi kokunye, sicele iNkosi isisize ezinkingeni eziphathele nokuphepha emigwaqeni nasemphakathini wethu nje jikelele.

- NjengoMnyango wezokuThutha sikholwa kakhulu ukuthi imiphakathi yezenkolo kumele ibambe iqhaza ekusabalaliseni ivangeli lokuphepha emgwaqeni. Njengamanje sinohlelo lwamaBandla ezenkolo lapho sikhuthaza khona zonke izinkolo KwaZulu-Natal ukuthi zibambe iqhaza kulo mzabalazo wokulwa nezingozi.

- Lokhu kucacisa kahle ukuzibophezela kukahulumeni ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba ngengcono kubantu bonke. Nokho, ukuze sehlise izingozi, kudingeka yonke imikhakha emphakathini wethu ibambe iqhaza ngokushesha.

- Njengoba sibheke kumaholide kaDecember, ngithanda ukunxusa wonke umphakathi wamakholwa ukuthi uqhubeke nokubamba iqhaza ekusabalaliseni umyalezo wokuphepha, baqinisekise ukuthi umyalezo uyafinyelela emazingeni aphansi.

- UJesu watshela abafundi bakhe ukuthi labo abezwa izwi laKhe, kodwa bahluleke ukulenza, bafana nendlu engenaso isisekelo ecekeleka phansi uma kufika isiphepho. Kunezinkulungwane zabantu abasebenzisa umgwaqo asebewuzwile umyalezo wokuphepha emgwaqeni, kodwa bayahluleka ukwenza abatshelwa kona.

- Njengoba iningi lenu lazi, lapha KwaZulu-Natal sesasuka ku "ZERO TOLERANCE saya ku-100% COMPLIANCE", okusho ukuthobela yonke imithetho yomgwaqo. Kulabo abahluleka ukuthobela yonke imithetho, kumele bazi ukuthi “Alufakwa KwaZulu-Natal lubuya nawe”.

- Sesadlula isikhathi lapho ukuphepha emgwaqeni kwakuthathwa njengomthwalo kahulumeni kuphela. Kudingeka siwulungise ngokushesha lo mqondo ngoba ukuphepha ngokwethu sonke. Phezu kwakho konke, lapha sikhuluma ngesipho esiyigugu esivela kuMdali – impilo yethu.

- Mangiphethe ngokuthulela isigqoko izinhlangano zamaBandla anjengeTwelve Apostle Church in Christ ngegalelo lazo ekulungiseni indlela yokuziphatha emiphakathini.

- Qhubekani nisebenze nithandaze ngokuhlanganyela ninxuse ukuthi iNingizimu Afrika iphephe, kwehle ubugebengu nezingozi zomgwaqo.

**Ngiyabonga**